

## **Ukusebenza ngokubambisana kuholele ekubanjweni kogwayi ongemthetho ongabisa izigidi**

**Tshwane, 27 kuNhlolanja 2023:** Ithimba Lokuphoqelelwa Komthetho leHhovisi Elilawula Impahla Emngceleni IoPhiko Lwemalingeniso Eeqoqwayo LwaseNingizimu Afrika lisebenzisana noMnyango wamaPhoyisa kanye noMbutho wezokuVikela eNingizimu Afrika ngempelasonto yamhla zingama-25 kuya kumhla zingama-26 kuNhlolanja babambe iloli nomthwalo wogwayi ongemthetho, ngokobunhloli esibutholile.

Lokhu kuyingxene yemizamo eqhubekayo yokuthuthukisa ukusebenza kahle kweHhovisi Elilawula Impahla Emngceleni ekulwisaneni nohwebo olungemthetho, ikakhulukazi kugwayi nakusikilidi. Lolu hlelo okubanjenwe kulo lwenzeke ezindaweni nasemapulazini agudle imingcele yaseNingizimu Afrika. Lokhu kubanjwa okusemqoka okubandakanya ukushushunjisa okweqa imingcele kume kanje:

- Kubanjwe amakesi amakhulu ayi-1185 ogwayi ongemthetho emikhqizo enamagama i-Remington Gold, i-Chelsea kanye ne-Royal Express, abiza izigidi.
- Kuboshwe abantu abane kwavulwa namacala obugebengu bokushushumbisa ugwayi ongemthetho.
- Kuphinde kwaboshwa amaloli ama-4, iveni eliodwa kanye nogandaganda owodwa odonsa inkonyane, okwakusetshenziselwa ukuthwala ugwayi ongemthetho wenani elilinganiselwa kuzigidi.

Umphumela walo msebenzi okhethekile uqinisekisa ukuthi selokhu uSARS wenza lo msebenzi wokuphenya ubugebengu embonini kagwayi nosikilidi eminyakeni emithathu eyedlule, sekube noshintsho ekunukeni kwesibalo sokushushumbisa okwenzeka kweqe imingcele. Kulokhu, kuzokhulunyiswana nabakhiqizi bakuleli ababandakanya namagama ogwayi njengophenyo oluqhubeckay njengoba kwaziwa ukuthi labo gwayi baqhamuka ngaphandle kwaseNingizimu Afrika.

Phezu kwalokho, kufakazela ukuphetha ngokuthi ngokuvamile, ma kubhekwa ukhondo, bangaphezulu kwama-500 abantu abeqa umngcele noma ingaluphi usuku, umuntu nomuntu eshushumbisa okungenani amakesi amakhulu amabili kagwayi ongemthetho. Lo gwayi ube usulayshwa emalolini, amanye abanikazi bawo bangabaseNingizimu Afrika, kanye nasezimotweni ezincane ezibe sezisebenzisa eminye imizila egudle umngcele ngokusebenzisana nabaninimapulazi bakuleli ukuze bakwazi ukufika lapho belibangise khona abazobe sebewusabalalisa kumakethe yakuleli.

USARS uzoqhubecka nokuthuthukisa amandla Okuphoqelelwa komthetho eHhovisi Elilawula Impahla Emngceleni nokwazi ukubhekana nohwebo olungemthetho

ngokubambisana namanye ama-ejensi okuphoqelelw komthetho okuhloswe ngakho ukuthuthukisa ukusebenza kwentela neHhovisi Elilawula Impahla Emngceleni nokuvikela ukubusa kweRiphabhulikhi yaseNingizimu Afrika, ngokwenza kube nzima futhi kumbe eqolo kubahwebi nakubakhokhntela abenza ubugebengu futhi abanenhloso yokungathobeli imigomo yentela.

UKhomishana wakwaSARS uMnu. Edward Kieswetter uncome imizamo yokusebenzisana kwama-ejensi okuphoqelelw komthetho okuyiwo abehola lo msebenzi obe yimpumelelo. Uzwakalise ukukhathazeka ngezinsolo zokubandakanyeka kwamaqembu obugebengu obuhleliwe kulo msebenzi, emiphakathini enamapulazi eseduze nemingcele, kubandakanya nalabo abasebenzisa izimpahla nezimoto zabo besebenzisana nalawa maqembu ezigebengu

“Sizosebenzisa lonke ulwazi oluqoqwe ama-ejensi aphiqelela umthetho ukulandeleta, nokushushisa lapho kunesidingo, labo ababandakanyeka kulobu bugebengu obuhleliwe. Labo ababandakanyekayo, kungakhathaleki ukuthi bangababuphi ubuzwe, bazobhekana nengalo yomthetho. Sizoqhubeka senze umsebenzi wokuphoqelela umthetho ngaphandle kokwesaba, ukwenzelela noma ukubandlulula ukuvikela izimboni zakuleli nokukhuthaza intuthuko kwezomnotho,” kusho uMnu. Kieswetter.

Ngolwazi olwengeziwe, sicela uxhumane ne [Sarsmedia@sars.gov.za](mailto:Sarsmedia@sars.gov.za)